

Story Study Facilitator Resource Pack: Springloaded

Imiyalelo kaThisha: zifundele lezigaba ezilandelayo ngaphambili kwokuba nenkulume ngemibuzo nabantwana. Lokhu kuzokusiza ukuthi imibuzo uyibuze ngokuzethemba, nokuthi lemibuzo uyisebenzise njengamathuluzi okusiza abantwana bathole ukuthi kwenzekalani endatsheni nokuthi eziphi izifundo abangazithola kuyona. Ngokubuza imibuzo nokuthi abantwana baqhamuke nezimpendulo, ukufunda kwabo kuzobamnandi futhi kube yimpumelelo ngaphezulu kwokuthi uvele ubanike zonke izimpendulo. Uma beba nobunzima ekutholeni izimpendulo eziqinile, sebenzisa lezigaba ezilandelayo ukubasiza bagxile endleleni efanele.

Indaba ifinqiwe

UNeo nobaba wakhe bangabasunguli. Ngesikhathi ubaba wakhe esungula indiza enophephela esigqokweni bese wandiza wahamba, uNeo uba nesizungu wase ethatha isinqumo sokusungula okwakhe naye. Kodwa okwakhe akuqambile kubenamandla kakhulu, yacishe yamufaka enkingeni. Hlanganyelana nathi ekufundeni lendaba enamandla, sithole ukuthi engabe uzophuma yini kulenkinga ajike afunde ngokubaluleka komndeneni nokubumbana.

Okuqukethwe

- Funda indaba
- Imibuzo ngxoxo nezihloko
- Umsebenzi 1: Iba nobuhlakani ngokukhanya nokwenza uthingo
- Umsebenzi 2: Yakha i-alien
- Umsebenzi 3: Yakha uphinde undizise indiza yakho yephepha
- Umsebenzi 4: landelanisa indaba
- Umsebenzi 5: Yakha ibhengela,iba namandla eqhawe!

Funda indaba

Ngaphambi ngokokufunda indaba khombisa abantwana ingaphandle yencwadi ubabuze ukuthi bacabanga ukuthi indaba ingani. Uma usuqalile ukuyifunda uzobona ukuthi incwadi ayinawo amagama, nanka amathiphu angakusiza ukuhlahla indlela ngaphambi, Phakathi nendawo, nangemuva kokufunda indaba:

- Banike isikhathi esanele ukusho abakucabangayo nabakuzwayo.
- Chitha isikhathi ekhasini ngalinye bese udedela abantwana bachaze ukuthi kwenzekani.
- Buza imibuzo ngokwenzekayo ekhasini ngalinye, noma ubanike imikhondo efana nokuthi “manicabanga uneo unesizungu?”, noma “ekazi uzifakelani izipringi ezicathulweni zakhe?”.
- Uma usuqedile ukufunda buza abantwana ukuthi yini abayithandile ngendaba.
- Buza eminye yalimibuzo engezansi (buza imibuza efanelekile kubantwana onabo).
- Qinisekisa ukuthi wonke umuntu uthola ithuba lokubuza imibuzo. Ungavumeli abantwana abadala, abazethembayo benze konke.

Imibuzo ngxoxo nezihloko

Imibuzo yokuqondisisa ongayibuza abantwana – lemibuzo yakhelwe ukubona ukuthi abantwana bayiqonde kangakanani indaba:

- Kusho ukuthini uma into i-springloaded?
- Yini esungulwa ngu Neo?
- Kungani uNeo esungula okuthize?
- Okusungulwe ngu Neo kucishe kumufaka enkingeni. Kanjani?



Story Study Facilitator Resource Pack: Springloaded

- Unomthelala kanjani ubaba wakhe kwakusungulile?

Imibuzo ngxoxo ongayibuza abantwana – Lemibuzo yakhelwe ukusiza abantwana bacabange bucayi noma ngokwehlukile ngendaba bese beqhamuka nawabo amacebo nemibono:

- UNeo ubukeka enezizungu emva kokuthi ubaba wakhe endizile wahamba. Ngabe isizungu sakhe simenza kanjani akhombise ubuciko?
- Ngabe bubaluleke ngani ubuhlakani (creativity)?
- Ubaba kaNeo umshiya yedwa uNeo, uma ucabanga wakwenziswa yini lokho? Ngabe ubezama ukumulahla noma ingoba ematasa (ebhizi) ngezinye izinto? Kungabe ubefuna uNeo phatheke kabi? Wake wamuphatha kabi omunye umuntu ungaqondile? Wenzani kuyena le eyamphatha kabi?
- Ngesikhathi uNeo ebona ukuthi usendizela kude kakhulu, wenzani ukulungisa leyo inkinga?
- Ubaba wakhe uyamqaka ngenkathi esewela phansi emhlabeni. Yini ebingenzeka kuNeo ukube ubaba wakhe ubengekho? Ngabe lokhu kusitshelani ngokubaluleka komndeni?
- Ngabe lendaba isisiza kanjani ukuthi sicabange ngoBuntu?
- Uma ucabanga ubaba kaNeo uhlabeke umxhwele ngokusungulwe uNeo?
- Uma ucabanga kungani ubaba kaNeo akha ezakhe izicathulo ezinezipringi? Mucabanga kungani akhela nekati futhi? Kungani kubalulekile ukuthi ikati nalo balenze libe ingxenye?
- Ngabe lokhu akufake ezindololwaneni kumugcina ephephile uNeo?
- Uma ucabanga ibalulekile isayensi?

Umsebenzi 1.1: Iba nobuhlakani ngokwenza ukukhanya nokwenza uthingo

➤ Resources:

- Iphepha elimhlophe
- Ingilazi ekhanyayo enmanzi anguhhafu
- Ipeni lomsizi noma uthi
- Indishi enamanzi

umsebenzi: Njengabantu sibona ngokuthi kube nokukhanya. Ukukhanya kushaya entweni bese kuyagxuma kuleyonto kushaye amehlo ethu bese ingqondo iyahumusha lololwazi lube isithombe. Ngaphandle kokukhanya amehlo ethu akakwazi ukuthola ulwazi. Ingakho singaboni uma kumnyama. Kodwa ke ukukhanya akuhlezi kuhamba ngejubane elilodwa, lokhu kungenza amehlo ethu asidlalele amaqhinga. Ukuzibonela lokhu, thatha ingilazi ekhanyayo ufake amanzi abe u-hhafu. Bese uthatha into esanduku noma ipeni lomsizi, ulifake engilazini. Ipeni lizobukeka sengathi ligobile lapho lihlangana khona namanzi. Lokhu kudalwa ukuthi ukukhanya kwehluka isivini emanzini. Faka amanzi endishini uhambise isandla siye emuva naphambili, ungakwazi ukukwenza lokhu kodwa isandla sakho sizohamba ngesivini esicane kunaleso esinaso uma sihamba emoyeni. Kwenzeka into efanayo nasekukhanyeni; kwehlisa isivini ngenxa yokuvimbeka okwenziwa amanzi. Nikeza abantwana isikhathi sokuthi badlale ngalokhu (indishi Kanye nengilazi enamanzi nepeni omsizi), kodwa qiniseka ukuthi abantwana bagadiwe. Abantwana bangaqaphela nokuthi uma usebenzise ingilazi egwegwile noluthi/peni lizobukeka ligwegwile. Lokhu kudalwa ingilazi iqoqa ukukhanya ngnxo yokugwegwa kwalo. Iyona lendlela eyenza izibuko zokufunda zisebenze. Ngenxa yokugwegwa kwengilazi phezulu, ukukhanya kuphuma ngendlela ehluke bese kuyagwegwa ngesikhathi kusahamba engilazini. Njengoba ubuka ipeni /uthi kuma engela angafani ne-engela ukukhanya okuphuma ngayo kuyashitsha, lokhu okudala libukeke ligwegwe kakhulu.

Story Study Facilitator Resource Pack: Springloaded

Umsebenzi 1.2: Ukwenza uthingo

➤ **Ozokudinga:**

- Amanzi (250ml)
- Ingilazi ekhanyayo noma ujeke
- Iphepha
- insipho
- Ithoshi

Umsebenzi: enye inkohliso yokukhanya eyenziwa amanzi **Uthingo**. Sijwayele ukubona uthingo makade kunetha. Lokhu ingoba ukukhanya kudlula enkungwini (emaqabazini amanzi) bese kuyahlukana kube imabala ehlukeno. Ziningi izindlela esingasebenzisa ngazo amanzi ukuzenzela uthingo sisebenzisa ukukhanya.

- **Uthingo 1:** Iba segumbini (ikamelo) elimnyama. Thatha ingilazi enamanzi uyibeke phezulu kwephepha elimhlophe. Sebenzisa ithoshi lefoni ukukhanyisa amanzi. Ukukhanya makuqhamuke ngenhla ngendlela yokuthi kubheka esinqeni sengilazi lapho kukhona iphepha kodwa kungabi ngaphezulu kwengilazi kepha eceleni. Limise ngezindlela ezahlukeno ithoshi ngokulisondeza noma ulihlehlise kwingilazi. Uzokwazi ukubona uthingo oluhle kwezinye izingxenye (angeke libe nesimo esigobile njengothingo olujwayelekile kepha uma igumbi okulo limnyama ngokwanele uzokwazi ukubona uthingo).
- **Uthingo 2:** Uthingo lwensipho - Sebenzisa insipho kanye namanzi ukwenza amagwebu. Kwenzele elangeni lokhu ukuze ukwazi ukubona uthingo. Ukuze wakhe amabhamuza (bubbles) khuhla izandla zakho zombili ngamanzi anensipho. Hlanganisa izandla zakho zombili sengathi uyathandaza kepha zigobe phakathi nendawo. Phephetha kwimbotshana eyakhekile phakathi nendawo ukuze wenze amabhamuza. Dedela izingane zithokozele ukuthola uthingo kumabhamuza baphinde bawaqhumise. Nabantwana abancane bangakuthokozele ukwenza lomsebenzi.

Umsebenzi 2: Yakha i-Alien enobuciko!

Phinda ufunde indaba bese uma ekhasini lokugcina lapho uNeo nobaba wakhe besemkhathini. Kune alien endiza ngebhanoyi lasemkhathini (saucer) ebukeya imangele ukubabona.

➤ **Ozokudinga:**

- Ingxubevange yezinto eziyimvel
- Imfucuza
- Ukhalibhodi
- I-Glu
- Amaphepha amadala
- Upende (imibala ehlukeno)

Umsebenzi: Abantwana abakhe awabo ama alien ngokusebenzisa izinto zemvelo Kanye nemfucuza abayicoshile egcekeni. Abantwana abacabange ngokuthi ama-alien abo azoba naziphi izici nokuthi sizosinda kanjani endaweni yaso. Ikakhulukazi, abacabange ngalokhu okulandelayo:

- Ingabe i-alien yabo iqala endaweni enjani?
- Ingabe idla ini?
- Ingabe inazo izilwane eziyizingelayo?

Story Study Facilitator Resource Pack: Springloaded

- Ingabe izici enazo ziyisiza kanjani ukuthi iphile? Isibonelo: inomqala omude njengendlulamithi khona izokwazi ukudla amaqabunga ezihlahla ezinde noma inezikhali njenge zinambuzane noma izimpondo njengempala noma ubhejane ukuzivikela? Ingabe inobuthi njengenyoka noma amazinyo amakhulu njengenja noma ibhubesi? Njll.

Umsebenzi 3: Yakha uphinde undizise ibhanoyi lakho lephepha!

➤ **Ozokuding:**

- Iphepha eliwu A4
- Ikhophi enemiyalelo yendiza iHigh Glider
- Ikhophi yemiyalelo ye Dart airplane
- Ikhophi yemiyalelo ye Eagle airplane
- Amapeni omsizi
- Amakhrayoni

Umsebenzi: Kuya ngeminyaka yabantwana, kunamazinga angafani anikezwa ilomsebenzi.

- Ibanga 00-000: zisa abantwana ukugoqa indiza ebizwa nge Dart airplane (noma ubayeke babuke wena ngesikhathi ugoqa ube uxoxa nabo ngokwenayo). Dedela abantwana balihlobise ibhanoyi baphinde badlale ngalo.
- Ibanga R-1: siza abantwana balandele imiyalelo yokwena i-Dart airplane yabo. Uma sebeqedile ukugoqa bangalihlobisa bese beyalidlala ngokuphonsa.
- Ibanga 2+: abantwana abalandele imiyalelo benze indiza yrphepha 1-Dart airplane. Uma sebeyenzile le banike inselelo yokwena iHigh Glider noma enye yezindiza eziphambili. Bangazihlobisa uma sebeqedile. Bangaya ngaphandle ukuhlola izindiza zombili. Eyiphi endiza kakhulu? Eyiphi ehlala emoyeni isikathi eside? Zihluke kanjani?

Umsebenzi 4: Landelanisa indaba yakho

➤ **Ozokudinga:**

- Ikhophi yamakhasi encwadi
- Amakhrayoni
- Isikelo

Umsebenzi: nikeza abantwana ikhophi yencwadi enezithombe ezingu 9 ukuze bazilandelanise ngendlela. Bangaqale bazikhrayone izithombe bese beyazisika. Sekufanele bazixuba, bese bezama ukuzilandelanisa ngendlela (ngendlela ezilandelana ngayo encwadini). Nikeza umntwana ngamunye isikhathi esanele ukucabanga nokukhumbula obekwenzeka endatsheni, kodwa beseke, ubagquqguzele. Uma abantwana beba nobunzima bangabheka encwadini ukuzikhumbuza ukuthi izinto bezenzeka kanjani.

Story Study Facilitator Resource Pack: Springloaded

Umsebenzi 5: Yakha ibhengela, Iba namandla eqhawe

Uma uNeo esezenzile izicathulo zakhe ezibalulekile ugqokisa okweqhawe. uNeo usebenzisa isayensi ukuthola amandla, kodwa ezethu izingane zingakwenza lokhu ngemicabango yazo nje. Bangagqoka benze sengathi bangamaqhawe. Kubalulekile ukuthi abantwana bazibandakanye naloluhlobo lomdlalo. Bayadinga abantwana ukuzibona bekwazi ukwenza izinto, ukuzidela futhi benamandla; ukwenza sengathi uyiqhawe indlela enhle yokuthuthukisa lezici. Bathola amakhono okucabanga bucyi, ukuxazulula izinkinga njengoba benza izwe labo lokuzicabangela, bathuthukisa nokuba Nobuntu njengoba belwa nezitha abaziqambile, bevikela labo abadinga usizo. Ngokwenzisa okwabantu abaqanjiwe abanjengo Neo, uSpiderman abantwana bangafunda izifundo ezifana nokubaluleka bokunakekela abantu abasizungezile nokuthi **“ukuba namandla amaninga kuza nomthwalo/isibopho esikhulu”**

➤ **Ozokudinga:**

- Igobhozi lethishu Toilet paper roll
- Amakhrayoni noma upende
- Irula (ukukala)


Sika, umbhoshongo wegobolondo ube ngu 7cm. Manje liseke ngobude balo. Abantwana bazosebenzisa lokhu ukwenza amabhengela. Balihlobisa ngamakhrayoni nanoma ingabe yini ekhona lapho bekhona. Uma sebewenzile amabhengela abo bangasebenzisa nanoma yini ekhona ukugqokisa okweqhawe bese benza inganekwane (kufanele benze engathi bangamaqhawe).

Thanda is a non-profit organisation based in rural Mtwalume, KwaZulu Natal South Africa. Our curriculum is made up of activities that we have developed over 12 years. The ideas and inspiration for our activities come from is a wonderful combination of educators, books, websites, YouTubers, and other places and people on the internet. We are very grateful for all of them. Where we use ideas or activities directly from a source, we always endeavour to give credit to the creator. We do not endeavour to profit from these story studies, we only wish to add value to the lives of people we may have the opportunity of crossing paths with.

| www.thanda.org | info@thanda.org |



High Glider

Lima uliphoqa phetzuu lethhanoyi hyakwazi ukundiza imizuzwana eyi-10. I High Glider ukulungele nokuhlakan endaweni evulekile.




Thatha iphepha elingu A4. Ngange ekesanyisi elitshulu) Lugoqe phakathi ngobude bala uphinde ulivale. Gcqa amakhona aphezulu uwekhhe esphakathini.

Ucqa ikhepo eliphetzuu kule




Gcqa amakhona, eze esphakathini. Gcqa esphakathini.



Gcqa loku esphetzuu uwekhthe baba usoga ibhanoyi lakho phakathi, nendawo uigogqele ngaphakathi.




Gcqa amaphiko atso unogogele ngaphandle. Lima utshanda unogogqa amaphiko ezeleni kancane ukusintsha imileni yokundiza.




Gcqa amaphiko abheke phetzuu kancane ukucela lindite kahle.

The Classic Dart Paper Plane




The EAGLE

Leibhanoyi lindira ligonde uma
urotiqqa amaphiko ngendlela.




1. Thatha iphepha elingqi. Ake (sanganze, ekesayizi elitshulu). Ligophe hokakhi, ngobude bako uphinde uvule. Goga amakhona aphhezulu uwalathe esphakathini.

Ligophe lize lize esphakathini nephepha




2



4. Goga lamachopho asele amabisi eke eze esphakathini. Goga ibhanoyi lize ukhafi.



5. Goga amaphiko emaceleni njengesithombeni.



3. Masise goga ichopho elisele phezu



6. Gobisa kancane amaphiko ukuzwe ibhanoyi liphakame kahle

